# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

45/2014 Intshumayelo ngesonto 11 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 31. 08. 2014

***Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.***

1. Iculo 148/138

2. **Umkhuleko:** Dumisani, nina-zinceku zikaJehova, nidumise igama likaJehova! Malibongwe igama likaJehova, kusukela kulesisikhathi, kuze kube phakade. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabase-Efesu 2:4-10.

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Luka 18:9-14.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 96/88

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe ku 2 Samuweli 12:1-15a, lithi: "UJehova wayesethuma uNathani kuDavide. Wafika kuye, wathi kuye: Kwakukhona amadoda amabili emzini munye, enye icebile, enye impofu. Ecebileyo yayinezimvu nezinkomo eziningi kakhulu, kepha empofu yayingenalutho, inexhukazana lilinye elincane nje kuphela, eyayilithengile yalondla; lakhulela kuyo nakubantwana bayo; ladla ucezu lwayo, laphuza esitsheni sayo, lalala esifubeni sayo, lalinjengendodakazi kuyo. Kwase kufika isihambi endodeni ecebileyo, yayeka ukuthatha ezimvini nasezinkomeni zayo ukusilungisela lesosihambi esasifiké kuyo, kepha yathatha ixhukazana lendoda empofu, yalilungisela umuntu owayefiké kuyo. Intukuthelo kaDavide yavutha kakhulu ngalowomuntu, wathi kuNathani: Kuphila kukaJehova, umuntu owenzé lokho ufanele ukufa; uyakulibuyisa ixhukazana, liphindwe kane, ngokuba enzé lokho nangokuba wayengenasihawu. UNathani wathi kuDavide: Nguwe lowomuntu. Usho kanje uJehova uNkulunkulu kaIsrayeli, uthi: Ngakugcoba ube-yinkosi phezu kukaIsrayeli, ngakophula esandleni sikaSawule, ngakunika indlu yenkosi yakho, nabafazi benkosi yakho esifubeni sakho, ngakupha indlu yakwaIsrayeli neyakwaJuda; uma lokho bekukuncane, ngangiyakukwenezela lokhu nalokho. Udeleleni izwi

likaJehova ukuba wenze okubi emehlweni akhe na? Ubulele u-Uriya umHeti ngenkemba, wathatha umkakhe abe-ngumkakho, wambulala ngenkemba yabantwana bakwa-Amoni. Ngalokho inkemba ayiyikusuka endlini yakho, ngokuba ungidelele, wathatha umkaUriya umHeti ukuba abe-ngumkakho. Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakukuvusela okubi okuvela endlini yakho, ngithathe abafazi bakho phambi kwamehlo akho, ngibanike umakhelwane wakho, alale nabafazi bakho ekukhanyeni kwalelilanga. Ngokuba wena wakwenza ngasese, kepha mina ngiyakukwenza lokhu naphambi kwelanga. UDavide wathi kuNathani: ngonile kuJehova. UNathani wathi kuDavide: NoJehova ususile isono sakho; awuyikufa. Nokho, ngokuba ngalesosenzo waveza ithuba elikhulu lokuba izitha zikaJehova zihlambalaze, umntwana omzalelweyo uyakufa nokufa. UNathani wayesebuyela endlini yakhe." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, amazwi anamhla adabukisayo nabuhlungu, ngenxa yesenzo senkosi uDavide. Uma sifunda isahluko 11 kuyo lencwadi ukuthi uDavide wavuka wahamba phezu kophahla kwendlu; wabona owesifazane egeza, emuhle lo-wesifazane ebukeka, wathumela babuza ngaye, kwathiwa uyinkosikazi kaUriya umHethi, igama lakhe nguBati-Sheba, indodakazi kaEliyamu. UDavide wasethuma izithunywa zakhe, wamthatha-ke, walala naye. Emva kwalokho owesimame wabuyela ekhaya. Wakhulelwa owesimame, wathumela kuDavide ukumtshela ukuthi: "Nkosi, ngikhulelwe." Esezwile lokho uDavide wathuma enye yezinceku kuJowabe, wathi: "Thuma kimi uUriya." UJowabe wenze-njalo. UDavide wabuza ngempilo yakhe uUriya, nangempilo yabantu noma yamabutho. Wayesethi: Makaye emzini wakhe. UUriya kodwa akayanga, walala nezinceku zenkosi ngasemnyango. UDavide wabona ukuthi akanyanga kwakhe.

Ngokuhamba kwesikhathi uDavide wabona ukuthi akuhambanga njengehlelo lakhe, wathi: Uthini uUriya, ngoba bengibheke ukuthi uzoya kwakhe, njengomuntu okade ahamba kwakhe, uUriya wathi: "Kuphila kwakho, nokuphila komphefumulo wakho angiyikuyenza leyonto." Emva kwalokho uDavide wadakisa uUriya, noma esekwenzile lokho uUriya akayanga emzeni wakhe. UDavide wabhala incwadi eyibhalela induna yakhe uJowabe, ukuthi amise uUriya la ishisa ngakhona impi ukuze afe ukuze kungaveli ukungcola kwakhe uDavide. UUriya washaywa wafa, uthi uDavide "ukuba ashaywe afe." Fundisani lendaba ngokwenu.

Bandla leNkosi yethu uJesu Kristu, uDavide wayethi akabonwa muntu, uma enza lesisenzo, kanti uNkulunkulu ubona konke akwenzayo, ukulala noBati-Sheba, kanye

nokubulala umyeni wakhe uUriya. Ngakho uNkulunkulu wathuma umuntu wakhe uNathani kuDavide. Uma efika kuye, ukhuluma ngamadoda amabili, ecebile kanye nempofu. Lamadoda ayehlala emzini owodwa, kodwa impilo yawo yayingefani. Indoda yokuqala yayenezinkomo nezimvu, eyesibili ineshukazana linye nje, lalaziwa emndenini walendoda empofu, lalinakelwe, londla layidla khona linjengendodakazi kuyo.

Umprofethi uthi: Kwafika isihambi endodeni ecebile, lendoda yayeka ukuthatha ezimvini noma ezinkomeni zayo ukulungisela isihambi esasifikile kuyo, kodwa yathatha ixhukazana lendoda empofu, yalilungisela isihambi esasifike kuyo. UDavide wathukuthela kakhulu ngalowomuntu, wavutha waba ngumlilo. Wathi: Kuphila kukaJehova umuntu owenze lokho ufanele ukulifuyisa seliphindwe kane. Futhi lowo muntu ufanele ukufa, lomuntu wayengenasihawu. Zinjalo-ke izigangi aziziboni zona, zibona ezinye, noma zikhomba ezinye, zilibale iminwe emithathu ukuthi ikhomba zona uqobo. Khumbula uEfa wakhomba inyoka, uAdamu wakhomba ukkakhe uEva. IsiZulu sithi omunye ukhomba omunye, omunye uvikela iso lakhe.

Thina senzeni komakhelwane bethu na? UDavide weqa umyalelo wesithupha, kanye nowesihlanu; waphinga, wabulala. Thina simi kuphi kulokhu na? Siyaphinga, siyabulala? Siyefana noDavide na? Noma sincono kunaye? Iso: uma likuhlupha lilahle, ulikhiphe. Singalandeli isisho esithi: Iso liwela umfula ugcwele. Noma kunjalo kubi uNkulunkulu akamukeli okunjalo. Musa ukuphinga, musa ukubulala. Kumbula nengculaza (HIV), nansi phambi kwakho phambi kwami. Nguwe lowomuntu ngakugcoba waba inkosi phezu kukaIsrayeli ngakuhlenga esandleni sikaSawule. Pho, manje ukwenzeleni lokhu okubi kangaka na? Ngakupha indlu yenkosi nabafazi bayo, ngakupha indlu kaIsrayeli nendlu yakwaJuda. Bekukuncane yimi lokhu bengingenezele noma ngithasisele kulokho na? Bandla, sinjalo nathi sishiya lokho uNkulunkulu asibusise ngakho, siyofuna okwabanye abantu. Sidelele izwi likaNkulunkulu senze okubi emehlweni akhe. UDavide makabe isibuko, sizibuke kuye, singenzi lokhu yena akwenza. Lowo othi umi, makaqaphele ukuba angawi. Musa ukuba inkunzi yesigodi noma yendawo, musa ukuba inkosikazi yendawo noma inkomazi yendawo. Zithande, uyihloniphe, uhloniphe nempahla yabanye abantu.

Bangakanani abantu ababulawa ngenxa yobufebe namhlanje? Namhla sibona amadoda noma amakhosikazi abulala amadoda awo, noma amakhosikazi awo ngenxa yokuthi lona wokuqala akasemuhle, sekufuneka lowaya omuhle nonemali. Ngokunjalo namakhosikazi

abulala amadoda, ngoba "ipolicy" isinemali eningi, lemali izodliwa nendoda yesibili. Lafa izwe lakithi, sikhona sibhekile, siphila. NoDavide wayethi wenza into ezomjabulisa yena, kodwa uNkulunkulu akumjabulisanga ukwenza kwakhe.

Mina nawe lokho esikwenzayo kuyanijabulisa yini uNkulunkulu? Nceliswa yilokho uNkulunkulu akubusise ngakho! Wena ubulele umakhelwane wakho ngenkemba yezinkabi ukuba wena uthathe umkakhe, noma uthathe indoda yakhe, ibe indoda yakho, noma umkakho. Inkemba ayiyikusuka endlini yakho, ngoba ungedelelile, wathatha inkosikazi yomakhelwane wakho, noma wathatha indoda yomakhelwane wakho. UDavide wathi owawenze lesisenzo ufanelwe ukufa. Inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa kuNklunkulu singukuphila okuphakade. Izilingo nemicabango engcolile kungavelela noma ngubani, kodwa kukho umuntu omelwe ukuzivumela ukuba zisabalale emphefumulweni. UMartin Luther wathi: "Awunakuvimbela izinyoni ukundiza phezu kwekhanda lakho, kodwa ungazivimbela ukwakha khona izidleke."

Izilingo azehleli abesilisa kuphela, kodwa nabesimame. Ku-Gen. 39:1-12 kuthiwa waphonsa amehlo (umkaNkosi) kuJosefa, wathi: Lala nami. Wenqaba uJosefa, waphinda ngokwesibili, wathi: "lala nami!" kodwa washiya ingubo yakhe esandleni sakhe, wabaleka, wagijimela phandle uJosefa, wayemsulwa, ethembekile eqotho, emesaba uNkulunkulu. Amanga alenkosikazi engcolile: "Bonani, usilethele umHeberu ukuba adlale ngathi, uze kimina ukuba alale nami, ngamemeza ngewi elikhulu." UJosefa wathi: "Ngingenza kanjani lobububi abangaka ngone kuNkulunkulu na? Ndodana noma ndodakazi yami, uma izoni zikuyenga, ungavumi!

Sikhumbule izwi likaNkulunkulu elithi: "Ofihla iziphambeko zakhe akayikuphumelela, kepha ozivumayo uyakuthola umusa," kuNkulunkulu, izA. 28:13. Yebo, uNkulunkulu uyathanda ukuthethelela isono sakho, kakhulu, uma usivuma, "uthembekile ulungile ukuba asithethelele izono, asihlabululule kukho konke ukungalungi, uma sithi asinasono simenza umqambi-mnaga neqiniso alikho kithi," 1 Joh. 1:9-10. "UDavide wathi kuNathani: 'Ngonile kuJehova.' UNathani wathi kuDavide: 'NoJehova ususile isono sakho; awuyikufa,'" 2 Sam. 12:13. Sesibona evuma isono sakhe ngeHubo 51, ucela ukuhawukelwa nguNkulunkulu ngomusa wakhe, esule isono sakhe ngokobubele obukhulu, amgeze, emgezisise ebubini. UDavide wenze okubi nesono sakhe uyasibona, siphambi kwakhe, wacela ukuba uNkulunkulu adale inhliziyo emhlophe nenhlanzekile, angamlahli ebusweni bakhe.

Funda leliHubo! Izwi lentshumayelo lithi "uJehova ususile isono sakho, awuyikufa." Lelizwi lamvusa futhi uDavide ngokukholwa, limsekele, limthethe kahle, limphilise. Abantu ababi nabangenangqondo abanakulikhipha ngobuqotho lelithi lokuthi: "Ngonile kuwe, Jehova," ngoba bengasiboni isono sabo. Yebo, umphefumulo wami uyakhala ngosizi (Nkosi) ngivuse ngokwezwi lakho. Uma uvuma ngenhliziyo ezikhalelayo ngokwempela, noNkulunkulu uyakuthethelela isono sakho ngomusa ngenxa kaKristu ngokukholwa nguye.

UNkulunkulu wamshaya uDavide ngoswazi, ngoba umntwana akaphilanga, wafuna ukumqondisa, nokuthi waveza ithuba lokuba izitha zamhlambalaze uNkulunkulu. Kodwa uNkulunkulu wamhawukela uDavide. Sesiyathemba ukuthi ngokwesithembiso sakhe somusa uNkulunkulu uyakwenza njalo nakimi nakuwe, asihawukele, asiphathe ngomusa ngenxa kaKristu. Amen

9. **Umkhuleko:** "Ngikhala kuwe, Jehova, ngisotweni phansi. Nkosi, yizwa izwi lami, izindlebe zakhe mazilalele okuncenga kwami. Uma wena, Jehova, uqaphela iziphambeko, Nkosi, ngubani ongema na? Kepha ukuthethelela kukuwe, ukuze wesatshwe. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 143/127

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-E. Mkhabela

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.